50th ANNIVERSARY

1960-2010

Sharpeville Massacre

THE CRADLE OF HUMAN RIGHTS STRUGGLES

BILL OF RIGHTS

AMALUNGELO ESINTU

1. Ukulingana - Akufanele ubandlululwe. Kodwa isenzangakhona nokubandlulula okulungile kuvumelekile

Bonke abantu bayalingana ngaphambi komthetho futhi akufanele babandlululwe.

2. IsiThunzi Sabantu - Isithunzi sakho kufanele sihlonishwe futhi sivikelwe.

Wonke umuntu unesithunzi okufanele sihlonishwe.

3. Impilo - Unelungelo lempilo

Wonke umuntu unelungelo lokuphila.

4. Inkululeko Nokuphepha komuntu - kufanele uboshwe, uzwiswe ubuhlungu noma ujeziswe kabuhlungu ngaphambi kokuthethwa kwecala . Ukuxabana komndeni akuvumelekile

Akufanele uboshwe noma uhlukunyezwe nganoma iyiphi indlela ngaphambi kokuthethwa kwecala .

5. Ubugqili, Ukusetshenziswa njengesigqila nokusetshenziswa ngenkani - Ukuba yisigqila noma ukusebenza ngokuphoqwa akuvumelekile.

Akufanele wenziwe isigqila noma usetshenziswe ngokuphoqwa.

6. Ukungaphazanyiswa - kufanele useshwe noma ikhaya nempahla yakho nakho akufanele kuseshwe.

Ilungelo lakho lokungaphazanyiswa limbandakanya umzimba umuzi wakho nezimpahla zakho.

7. Inkululeko kwezenkolo, inkolelo kanye nombono - Ungakholwa futhi ucabange noma ngabe yini ofuna ukuyicabanga kanti futhi ungakhonza enkonzweni oyithandayo.

Unelungelo lokucabanga, ukholwe futhi ukhonze lapho uthanda khona.

8. Ukuveza umbono ngenkululeko - Bonke abantu (ngisho nabezindaba) bangasho noma ngabe yini abafuna ukuyisho.
Unelungelo lokusho noma ngabe yini ofuna ukuyisho, ukufunda noma yini okhetha ukufunda ngayo kodwa inkulumo enenzondo ayivumelekile.

9. Ukubuthana, ukubhikisha, ukugculisa abanye ukuthi baseke umbikisho nokwethula izicelo ezibhalwe phansi - Ungaba sembikishweni, ugculise abanye ukuthi baseke umbikisho nokwethula izicelo ezibhaliwe. Kodwa kufanele wenze lokho ngokuthula.

Unelungelo lokubuthana, ubhikishe nokutoyiza ngokuthula.

10. Ukuzimbandakanya Ngenkululeko - Ungazimbandakanya noma ngabe ngubani ofuna ukuzimbandakanya naye.

Unelungelo lokuzimbandakanya nanoma ngubani.

11. Amalungelo ezepolitiki - Ungalandela noma iyiphi inhlangano oyithandayo. Uma uyisakhamuzi futhi uneminyaka eyi-18 ubudala ungavota.

Ungaqala inhlangano yezepolitiki, ungenele ukhetho futhi uvotele noma iyiphi inhlangano okhethweni olukhululekile nolulungile.

12. Ubuzwe - Angeke uphucwe ilungelo lakho lokuba yisakhamuzi.

Asikho isakhamuzi esingancishwa ilungelo laso lobuzwe.

13. Inkululeko Yokuhamba Neyokuhlala - Ungahamba futhi uhlale noma yikuphi eRiphabhlikhi YaseNingizimu Afrika

Unelungelo lokungena nokuphuma eRiphabhlikhi ngokuthanda kwakho.

14. Inkululeko Yokuhweba, Eyesikhundla kanye nohlobo lomsebenzi - Ungenza noma yimuphi umsebenzi okhetha ukuwenza.

Unelungelo lokukhetha noma iyiphi inyunyana esemthethweni noma umsebenzi ngokukhululeka.

15. Ubudlelwane phakathi Kwabasebenzi Nabaqashi - Ungajoyina inyunyana futhi ungenele esitelekeni

Wonke umsebenzi nomqashi unelungelo lokuhlela nokuxoxisana ukuze aqhubele phambili izinhloso zakhe.

16. Indawo ophila kuyo - Unelungelo lokuphila endaweni enempilo

Unelungelo lokuhlala endaweni evikelekile nenempilo.

17. Impahla - Ungathathelwa impahla yakho kuphela uma kulandelwe imithetho efanele.

Akekho umuntu okufanele angavunyelwa ukuthola impahla, ngaphandle uma kusetshenziswa umthetho ngokujwayelekile.

18. Izindlu - Uhulumeni kufanele enze isiqiniseko sokuthi abantu bathola izindlu ezifanele.

Unelungelo lokuthola indlu efanele.

19. Impilo, Ukudla, Amanzi Nenhlalakahle - UHulumeni kufanele enze isiqiniseko sokuthi uyakuthola ukudla namanzi, ukunanakekelwa kwezempilo nenhlalakahle.

Unelunggelo lokunakekelwa ngezempilo, ukudla okunempilo, amanzi nenhlalakahle.

20. Abantwana - Abantwana abaneminyaka engaphansi kweyi-18 ubudala banelungelo lekhethelo, njengelungelo lokungahlukunyezwa.

Bonke abantwana banelungelo lokuba negama, ubuzwe nokuvikelwa ekuhlukumezekeni nasekuxhashazweni.

21. Imfundo - Unelungelo lokuthola imfundo eyisisekelo, kubalwa nemfundo yabadala eyisisekelo ngolimi lwakho (uma kwenzeka)

Unelungelo lokuthola imfundo eyisisekelo ngolimi olusemthethweni olikhethile.

22. Ulimi Namasiko - Ungasebenzisa ulimi ofuna ukulisebenzisa ubuye ulandele amasiko owakhethayo.

Unelungelo lokusebenzisa ulimi olithandayo ubuye wenze isiko lakho.

23. Imiphakathi inamasiko, izinkolo kanye nezilimi ezothile - Imiphakathi ingajabulela amasiko wayo; igcine izinkolo zayo futhi isebenzise izilimi zayo.

Unelungelo lokuqala, nelokujoyina noma ugcine amasiko, ezenkolo, nezilimi zamaqembu owathandayo.

24. Ukuthola ulwazi - Unelungelo lokuthola noma yiluphi ulwazi olusezandleni zombuso

Ungathola noma yiluphi ulwazi olusezandleni zombuso ngoba uvikela amalungelo akho.

25. Ukuphatha ngokusemthethweni - Izenzo zikahulumeni kufanele zigculise

Unelungelo lokuphathwa ngendlela esemthethweni, efanele futhi elandela inqubo egculisayo

26. Ukuvumeleka ukuya enkantolo - Ungaba nenkinga ngezomthetho enqunywe yinkantolo noma uhlaka olufanayo.

Unelungelo lokuxazulula umbango ngezomthetho enkantolo noma elinye ibandla lokuthetha amacala elingabandlululi.

27. Abantu ababoshiwe, ababavalelwe nababekwe amacala - Leli lungelo livikela abantu ababoshiwe, abavalelwe ejele noma ababekwe amacala

Uma uboshiwe unelungelo lokuthula ungasho lutho, lokulethwa enkantolo engakapheli amahora angama-48 nelungelo lokuthola ummeli.



YONKE LEMITHETHO INCIKE EMTHETHWENI WEZWE KODWA ISEBENZA KUBO BONKE ABANTU ABAHLALA ERIPHABHLIKI YASENINGIZIMU AFRIKA

Qaphela: Wonke lama lungelo angancishiswa uma kufanele ukuthi kwenziwe njalo.
Ukuthola olunye olwazi, bheka Isahluko 2 Somthethosisekelo omusha.

the doj & cd
Department:
Justice and Constitutional Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA